



Office of the Principal and Vice Chancellor

**INKULUMO YOKWAMUKELA
NOKUVULA YETHULWA
PROFESA MANDLA
MAKHANYA**

**OYIPHINI LIKASHANSELA NOYINHLOKO YASE-
UNISA**

**Isifundo Sonyaka Sesikhumbuzo sikaSteve
Biko se-19**

**Mhla zingu-14 kuSeptemba 2018,e-Z K Mathews
Great Hall,e-Unisa**

- UMhlonishwa Mongameli Cyril Ramaphosa, onguMongameli weRephabuliki yaseNingizimu Afrika
 - UKzs Zanele Mbeki, owayenguMama weSizwe saseRephabuliki yaseNingizimu Afrika
 - Ngqongqoshe Naledi Pandor, onguNgqongqoshe woMnyango weZemfundo ePhakeme kanye nokuQeqeshwa
 - INkosi uPatekile Holomisa, oyiPhini likaNgqongqoshe eMnyangweni weZabasebenzi
- UMnu Andries Nel, oyiPhini likaNgqongqoshe woMnyango woHulumeni

abaSebenzisanayo kanye neZendabuko

- UNKs Tembi Majola, oyiPhini likaNgqongqoshe woMnyango weZamandla
- UMnu Mondli Gungubele, oyiPhini likaNgqongqoshe woMnyango weZezimal
- UMnu Trevor Manuel, onguSihlalo we-Old Mutual Limited futhi NowayenguNgqongqoshe weZezimali, kanye noNkzs Maria Ramos
- UMnu Sakhi Simelane, onguSihlalo woMkhandlu we-Unisa, kanye noNkzs Simelane, kanye nawo wonke amalungu woMkhandlu wase-Unisa akhona lapha
- Unkz Mandu Makhanya
- UNKz Nontsikelelo Biko
- UMnu Nkosinathi Biko, onguMsunguli futhi noliLungu lesiGungu sesiKhwama *iSteve Biko Foundation*, kanye noNkz Sello Biko, kanye namanye amalungu omndeni wakwaBiko akhona lapha
- UMhlonishwa iNxusa uBene M'Poko, noyiNxusa lase-*Democratic Republic of the Congo* kanye noDini we-*Diplomatic Corps* eNingizimu Afrika
- AbaHlonishwa, amaNxusa kanye noKhomishinali abaPhakeme abakhona lapha
- **AmaKhosi:**
 - **INKosi uZanelizwe Dalindyebo**
 - **INKosi uXhanti Sigcawu**
 - **INKosi u-Ahlangene Sigcawu**
 - **INKosi uMziwoxolo Tyhali**
 - **INKosazane uMandlakazi Sigcawu**
 - **INKosana Patrick Ntsobi**
- UNkz Ishmael Mkhabela, onguSihlalo wesiKhwama i- *Steve Biko Foundation*, kanye Nkz Mkhabela, namanye amalungu esiKhwama akhona lapha
- UDokotela Brigalia Bam, onguSihlalo wesiKhwama i- *Thabo Mbeki*

Foundation, kanye namanye amalungu wesiKhwama akhona lapha

- Amalungu esiGungu seNyuvesi kanye nethimba labaphathi ngokunabile elikhona lapha

- **Ababephethe izikhundla eNyuvesi:**

- IJaji Bernard Ngoepe, owayeyiShansela yase-Unisa nowayenguMongameli wamaJaji emaKhotho aPhakeme aseNyakatho kanye naseNingizimu Gauteng kanye noNkz Daphne Ngoepe, kanye namanye amalungu ezomthetho akhona lapha
- ProfBarneyPityana,FormerUnisa PrincipalandViceChancellor, andMrsDimzaPityana
- ProfNeoMathabe,FormerUnisaViceChancellorand Professor

Izithunywa ezimele umbuso ophakathi, wesifundazwe, nowasemakhaya kanye namaziko eSigaba sesi-9 ezikhona

- Izithunywa ezimele amaziko ezemfundo ahlukehlukehle, izinhlangotho kanye nezinhlangotho zezikhwama ezilapha
- Amalungu emiphakathi yamasonto akhona lapha
- Izithunywa ezimele izinhlangotho zepolitiki ezahlukehlukehle abahambele lo msitho
- Amalungu woMphakathi wamaBhizinisi akhona lapha
- Amalungu emiphakathi yaseNyuvesi akhona lapha
- Izithunywa ezimele izinhlangotho zabafundi ezahlukehlukehle ezikhona lapha
- Abaholi be-ISRC yezwe lakithi kanye nama-SRC avela kumanyuvesithi angozakwethu
- Abaholi bezinhlangotho zabasebenzi abavela e-Unisa kanye nasezweni lakithi
- Izithunywa ezimele izindlu zabezindaba ezahlukehlukehle
- Amalungu ahloniphekile athamele

umhlangano

- Bodadewethu kanye
nabafowethu

Egameni leNyuvesi yaseNingizimu Afrika (Unisa) kanye nesibambisene nabo, isiKhwama se-*Steve Biko Foundation*, kuyangijabulisa ukunemukela kule nqophamlando yeSifundo soNyaka seSikhumbuzo sikaSteve Biko se-19 ngokuhlwa namhlanje. Sinamukela nonke ngomoya woBuntu bama-Afrika..

Njalo nje ngonyaka sibamba lezi zindumezulu zesifundo zesikhumbuzo, izwe kanye nomhlaba wonke ziye zakunaka lokho futhi zadlala indima kulokhu kanye noma ngenye indlela, ukuzikhumbuza lesi sishosovu eyayisifundiswa futhi eyayingqalabutho yomzabalazo wenkululeko, uSteve Biko. Lokhu kusitshela ukuthi yena ungowomndeni wakhe, ungowomphakathi, ungewenhlango yakhe –kanti kuthina sonke–impilo yakhe iwubufakazi obusemqoka, uma ngabe sikhona isidingo esinjalo, esinjengomlando wakhe, ohlala njalo ungowesikhathi esithize kanti awunaso isikhathi.

USteve Biko wayeyinsika ebalulekile ekulweni nombuso wengcindezelo (*apartheid*). Udumo lwakhe lufakazelwa yiqiniso elithi, sekungamashumi amane eminyaka edlule, selokhu ebulawa, kodwa iphimbo lakhe lisazwakala kusukela esizukulwaneni esisodwa ukuya kwesinye, iphimbo lakhe lisadala izingxoxo kanye nezinkulumompikiswano ezweni lakithi, ezwenikazi lakithi kanye nasemphakathi womhlaba..

Ngalokho-ke, ngicabanga ukuthi uzongizwisisa uma ngithi lokhu kuyinhlonipho enkulu kimi ukuthi ngibonge nginconoze kumndeni kaSteve

Biko kanye naku-*Steve Biko Foundation* ngokusebenzisana okwenze ukuthi le ngqophamlando yesifundo sesikhumbuzo ikhule idlondlobale. I-Unisa iyazigqaja ngokuthi idlale indima yayo yokubambisana ekukhuliseni nasekuthuthukisweni komqondo kanye nomoya weBiko Black Consciousness kanye nasemiphakathini yonke esemagumbini onke omhlaba ngokusebenzisa izinhlelo ezinabile zomphakathi kanye nalezo zokuxoxisana. Emndenini waBiko kanye nesiKhwameni i-*Biko Foundation*, sithanda ukugcizelela ukuthi umoya wenu wokunikela kanye nokuzikhandla kwenu okujulile kulokhu kusebenzisana sizohlala sikubonga futhi sikuhlonipha njalo.we.

Bodadewethu kanye nabafowethu, ngokusho kanjalo, ngizabe ngenze iphutha elikhulu kabi njengoba sihlangele lapha ngokuhlwa sikhumbula uSteve Biko ngemuva kweminyaka engamashumi amane namunye ebulawa ngesihluku, wumbuso wengcindezelo, uma ngingakhohlwa ukunikhumbuza izingqalabutho zomzabalazo esezalishiya leli lengabade, izishoshovu ezinjengoMama Zondeka Sobukwe, uMama Winnie Madikizela-Mandela, uBraHughMasekela, uNgqongqoshe uZola Skweyiya, o Profesa Willie Kgositsile, iNxusa u George Nene, ingqalabutho engumthwebulizithombe uSam Nzima kanye nazo zonke izishoshovu zakithi zomzabalazo esezilishiyile leli likaMthaniya unyaka owedlule. Ziningi izishoshovu, kanti-ke kuyadabukisa kakhulu. Sekwedlula futhi iminyaka engamashumi amane selokhu kwashona uBaba uRobert Sobukwe kanti futhi sekuyiminyaka eyishumi selokhu kwashona uMama uMariam Makeba. Wonke la magama kanye nalaba bantu abaqavile ngale ndlela kufanele basikhumbuze ngamandla ukuthi inkululeko yakithi ayifikanga lula kanjalo. Abaholi abaningi behlupheka kakhulu kanti babebulawa ngesihluku; abaningi babo babhadala ngempilo yabo, kanti lokhu kuchaza ukuthi

bancisha imindeni yabo obaba, omama, omalume, obabekazi, amadodana kanye namadodakazi.

Njengoba sihlangele lapha, sikhunjuzwa futhi ngekhulu leminyaka eliphawula iqhaza elibalulekile lempilo yoMama Albertina Sisulu kanye noMongameli Nelson Rolihlahla Mandela obezobhiyoza iminyaka yokuzwala eyi-100 lo nyaka. Lokhu kuyahambisana kahle kakhulu, ngoba lokhu kuqondana nokubhiyozwa kokuthutha kwe-Unisa ngesikhathi isuka eKapa ilethwa ePitoli ngonyaka ka1918. Wonke la magama kanye nalaba bantu abagagulwe ngenhla– kanye nabanye abaningi – bayizingqalabutho ezihlonishwayo zohambo oluyingqophamlando futhi oluphokophelele ubulungiswa babantu.

Njengoba silapha ebusuku namhlanje, engqondweni yethu sikhumbula izinselelo ezimayelana nenhlalakahle yabantu kwezomnotho esibhekene nazo namhlanje kanye nesimo esibucayi esikhungethe umhlaba wonke esizithola sikuso. Njengezwe, sime esiphambanweni semigwaqo, uma sicabanga ngezinqumo esizithathayo, mhlawumbe njengomuntu oyedwa noma sindawonye, lokhu yikho okuzohlala indlela elandelwa yizwe kanti futhi kuzokhombisa umhlaba ukuthi mhlawumbe sizimisele noma asizimiselanga futhi angeke sikwazi ukufeza izidingo zenkululeko kanye nedemokhrasi. Being here Isihloko esisodwa kanye nezimvo ezivela emanyuvesi, emadolobheni, ezigodini, emalokishini, emapulazini kanye nasemijondolo ngezithi angeke ukwazi ukunyaza ubulungiswa babantu futhi saphakamisa ukubuyisana; ngokweqiniso, lezi zinto ezimbili ziyahambisana. U-Ariel Dorfmann, uma ethula isiFundo seSikhumbuzo sikaNelson Mandela ngo-2010 ubeka ngale ndlela, “[We]cannotundothe damage of the past but must strive instead to undo the damage to

the future. We must prove in our actions tomorrow that we have learned from the terrors and sins of yesteryear.”

Njengoba siqhubeka nomsebenzi wethu wokwakha isizwe, kufanele sikhumbule ukungashintshi komqondo, phecelezi, ka Steve Biko we-*Black Consciousness* ohlonipha ubuhle bokuvuselela, bobuntu kanye nobuhle bokunikezana ngamandla njengethuluzi elibaluleke kakhulu lokubumbanisa umphakathi mayelana nokwakha isizwe isizwe – ngokwakha–ngokuvuselela umqondo wethu wesimo esisheshayo kubabhali bethu abangabaqhubi bempokophelo yethu kanye nabashayeli bohambo oluqonde empumelelweni..

Mhlonishwa, Mongameli Ramaphosa, nguwe oyinsika ehola izwe lakithi, kanti sonke sisebenzisana nawe njengoba usiholela endleleni. Sizimisele silwe futhi siqede izinselelo zethu. Kungalokho, kubaluleke futhi kufanele ukuthi sikuzwe ukuthi uthini, ikakhulukazi njengoba selokhu umqondo we-Black Consciousness wawuyingxenye yakho eliigugu kuwe eminyakeni yakho yobushosho kwezepolitiki. asverymuchapartofyour

Ngokusho kanjalo, zethameli ezihloniphekile, odadewethu kanye nabafowethu, ngiyanimema nonke esilapha nabo kanye nalabo abathola lesi sifundo sesikhumbuzo ngobuchwepheshe bokuxhumana ukuthi bahlanganyele nami ukwamukela uMhlonishwa, uMongameli Ramaphosa, asithathe asifake ohambeni lokubhekisisa emuva kulesi Sifundo Sonyaka seSikhumbuzo sikaSteve Biko. Umcimbi wemibono sewungaqala manje kanti futhi izingxoxo nazo sezingavela nangaphandle kwaleli holo!

Ngiyabonga